**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO EMONDLO MHLAKA 25 MAY 2013.**

Mphathi wohlelo;
Amakhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
Imeya yoMkhandlu wabaQulusi;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zemiNyango yonke ekhona lapha;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuThutha;
Umphakathi wonke;
Ngiyanibingelela.

Egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, kuyintokozo ukuthi siphinde sithole ithuba lokuzokhuluma nani lapha ngezinhlelo zokulekelela imiphakathi yakule ndawo ukuthi nayo iphucuke futhi ibe nempilo engcono.

Mphakathi waseBaqulusini sithanda ukubonga kinina nonke ngokuthi nibambisane noHulumeni wenu nivume ukuthi izinhlelo zentuthuko ziqhubeke ngaphandle kokuphazamiseka endaweni yenu.

Phela ukubambisana kwethu nani yikona okwenza ufezeke kalula umgomo wethu wokuthi sibe nguHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – ohlale ufeza lokho ozibophezele kukona.

Kungenzeka ukuba intuthuko ayifiki ngesikhathi esisodwa kodwa ngokulokhu sithola leli thuba lokuba kuHulumeni enisinika lona ngevoti lenu, noma kanjani sizogcina siphumelele.

Sihlale sikusho futhi ukuthi nakuba siyisifundazwe esikhulu futhi esinezindawo eziningi ezisasilele emuva ngengqalasizinda, kodwa sizibophezele ukuphuthumisa izidingo kubantu ezingxenyeni zonke zesifundazwe.

Yingakho futhi sihlale sikusho lapho sihamba khona ukuthi kulo mNyango wethu sesinomgomo wokuthi uma sesingene endaweni sisuke singeke sisaphuma kuze kube siyagculiseka ngokuthi umphakathi walapho uyithola yonke ingqalasizinda yomgwaqo, noma ngabe kuthatha isikhathi esingakanani.

Ofakazi balokho kuzoba yinina-ke lapha ngoba niyazi ukuthi ngonyaka odlule besikhona lapha eBaqulusini sizokwethula umsebenzi wokwakhiwa kwerenki edidiyele izithuthi khona lapha phakathi eMondlo.

Namhlanje sesibuyile futhi sizozibophezela ngalo mgwaqo u-P258 esesizowufaka itiyela. Kumele ngikucacise-ke ukuthi njengoba lo mgwaqo ungu-32, kusho ukuthi ungomunye wemigwaqo emide esiyenzayo esifundazweni edinga siyenze isigaba ngesigaba njalo ngonyaka wezimali olandelayo.

Njengoba sihlaba isoyi-ke namhlanje lokho kusho ukuthi usuqalile umsebenzi wokuhlela, esithi i-*design phase,* esesifake imali engu-R5 million kuwona kulo nyaka wezimali ka-2013/2014.

Kodwa usuwonke umsebenzi silindele ukuthi udle u-R292 million. Lokhu kuzohlanganisa nokwakhiwa kwamabhriji amabili kanye nezindawo zokuhamba ngezinyawo eceleni ukuze sikhuthaze ukuphepha kwabahamba ngezinyawo.

Siyazi-ke ukuthi lo mgwaqo ubaluleke kanjani njengoba wenza kufinyeleleke kalula kweminye imigwaqo njengo-P614 oya eDundee nase-Glencoe no-R69 oya eVryheid naseHlobane, kanti uxhumanisa kalula iVryheid neMelmoth.

Siyabonga futhi ukuthi ngokulungiswa kwalo mgwaqo kuzosizakala imboni yokuthutha umphakathi kwande namathuba okuthuthuka kwezomnotho kubantu abahlala eduze nalo mgwaqo.

Sibongela kakhulu nabafundi asebezohamba kangcono beya ezikoleni njengaseKhondlo Secondary, Khethukuthula Secondary, Nkande Primary, Sithandene Primary , Nhlaka Primary neThelezi Primary.

Zikhona futhi izindawo okuzofinyeleleka kalula kuzona njengeMondlo Clinic, iNtababomvu Clinic, iSiyakhathala Clinic neBhekumthetho Clinic.

Okunye okusihlaba umxhwele ngale *project* ngukuthi izodala amathuba emisebenzi abalelwa ku-1080 kubantu bendawo. La mathuba esisuke sikhuluma ngawo siyazi-ke ukuthi yebo wona angawesikhashana, kodwa ayalekelela ukucija abantu ngamakhono nesipiliyoni ukuze basizakale baqasheke nakwezinye izindawo.

Kweminye imisebenzi esesiyenzile nje esifundazweni sekukhona osonkontileka bakaVukuzakhe asebeqeqesheke bakwazi ukunyukela ezigabeni eziphezulu lapho sebencintisana nezinye izinkampani ezinkulu ngamathenda kweminye iminyango kahulumeni, komasipala nakwezinye izindawo.

Kodwa ngifisa ukuphinda ngilihlabe ikhwela engihlale ngilihlaba ikakhulukazi kubaholi, ukuthi phela makungakhethwa iphela emasini uma sekukhishwa leyo misebenzi. Akekho umuntu okumele abuzwe ukuthi ukuliphi iqembu lepolitiki ukuze athole umsebenzi.

Ngithanda ukukuveza futhi ukuthi ngaphandle kwale *project* esize ngayo lapha namhlanje ikhona neminye imisebenzi esizoyenza kulo nyaka wezimali ka-2013/2014 ezindaweni ezakhele lo Mkhandlu waseBaqulusini.

Sizoqinisa kule migwaqo engenela emiphakathini, esithi ama-*access road,* ehlanganisa u-Gudu Local Road ku-Ward16 eNkosini uMdlalose, uSokoyi Local Road ku-Ward 4 eNkosini uZondo, uMhlabaneni Local Road ku-Ward 2 eNkosini uZulu noBanakile ku-Ward 6 eNkosini yaKwaMthethwa. Isiyonke imali esiyibekele ukwakha le migwaqo emisha kulo nyaka ingu-R17 million

Nalena evele ikhona sithe uma sibheka isifunda saseZululand sonke sathola ukuthi kudingeka engu-R82.5 million yokuyilungisa, lokhu esithi i-*betterment and regravelling*.

Lapha eBaqulusini kule migwaqo kukhona u-P293 ku-Ward 1, uP487 ku-Ward 4, u-P219 ku-Ward 16, u-D422 ku-Ward 2, uP258 ku-Ward 18, u-D34 ku-Ward 22, u-D23 ku-Ward 22, u-D35 ku-Ward 22. Kulama-*project* kulindeleke ukuba kudaleke amathuba emisebenzi angaphezulu kwekhulu bese kuba nosonkontileka bakaZibambele abangu-247 abazothola amathuba.

Nangenkathi sethula isabelo-mali somNyango salo nyaka sikuvezile ukuthi sesilusukumele kakhulu udaba lwama-pothole nokupheshwa kwemigwaqo yetiyela njengoba sazi ukuthi imigwaqo yethu eminingi isimidala kakhulu kanti nezimvula sezihlala zisicekela phansi minyaka yonke.

Ngakho-ke nalapha ikhona imali engu-R12 million esiyifake eBaqulusini emisebenzini yalokhu esithi i-*blacktop patching*. Kuleyo migwaqo kukhona u-P34, u-P221, u-P46, u-P463 no-P47.

Kodwa futhi uma sibheka yonke imisebenzi yokwakhiwa kwemigwaqo nokugcinwa kwayo isesimweni esifundeni saseZululand sonkana sekuhlanganisa nemisebenzi emikhulu yama-*capital project*, ingu-300 million imali esesiyifakile kulo nyaka wezimali ka-2013/2014.

Njengoba ngike ngakuveza ekuqaleni, konke-ke lokhu esikuchazayo sikwenza ngoba kubalulekile phela ukuze abantu bakithi bazi ukuthi kungani njengoHulumeni sihlale sibabonga ngokusibekezelela kwabo. Siyazi ukuthi kuningi esesikwenzile kodwa futhi kusekuningi okusamele sikwenze, yinqobo nje uma sibambisene.

Kodwa kubalulekile ukuthi abantu bakithi bangaluthwa ngosomathuba ababatshela ukuthi asizigcini izibophezelo zethu. Lo Hulumeni oholwa nguMsholozi kuzwelonke noKhabazela esifundazweni awusoze wadlala ngemizwa yabantu.

Okunye futhi okumele singakukhohlwa futhi ukuthi enye inselelo esibhekene nayo KwaZulu-Natal ngukuthi kuke kwadingeka izinhlelo zentuthuko zithi ukulinda zaze zaqala ukuthi kubhekwane nazo ngonyaka ka-2004 ngenkathi lo Hulumeni oholwa i-ANC uthatha izintambo esifundazweni.

Siyazi ukuthi bekungenzeki lutho oluphucula izimpilo zabantu ungakathathi uHulumeni kaKhongolose. Yingakho sinibongela futhi ukuthi abanye benu lapha bagcina sebebona ukuthi ngubani okumele ahole uHulumeni wenu sifundazweni njengoba nakhombisa ngevoti lenu ngo-2009.

Nakuba silikhalela leliya shumi lokuqala leminyaka elalahleka, kodwa siyabonga ukuthi kule minyaka ewu-9 esenisinike yona abantu abaningi sebephumele obala basho ukuthi sebeyawubona umehluko. Sekuyabonakala ukuthi uma kuphela leli hlandla sekuba nokhetho ngonyaka ozayo uzobe usumkhulu umehluko owenzekile.

Siyethemba futhi sizoqhubeka siqinise nasezingeni likamasipala noma owesifunda noma owendawo, sigcizelele ukubambisana. Akumele intuthuko ibanjezelwe ngukuthi amakhansela nabasebenzi bomasipala abathile abanako ukubambisana kahle nemiNyango kaHulumeni wesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani.

Sifisa ukukhuthaza imiphakathi ukuba isukume ibambe iqhaza ohlelweni oselwaqhamuka noHulumeni wesifundazwe lokulekelela imiphakathi ukuba ibhekane nezinselelo ngokuhlanganyela, esilubiza ngokuthi u-*Operation Sukuma Sakhe*.

Ngalolu hlelo sigcizelela ukuthi izinto zidingidwe ezingeni leWadi lapho abantu behlala khona. Noma ngabe hlobo luni losizo oludingeka kuHulumeni, okungaba okazwelonke, owesifundazwe noma umasipala, indaba iqala khona lapha.

Ngenxa yokuthi umsebenzi owenziwa kulolu hlelo ufana nempi yokulwa nezinkinga ezikhungethe abantu ngokwehlukana, izigcawu okuhlanganelwa kuzona sizibiza ngama-*war room*. Njengoba sonke-ke lapha sivela emaWadini athile, kumele wonke umuntu ayazi i-*war room* yangakubo.

Kulama *war room* kumele sibike ngobugebengu esibaziyo obenzeka lapho sihlala khona, ukuhlumezeka kwabesifazane nezingane okwenziwa ikakhulukazi ngabantu besilisa lapho sihlala khona.

Labo abangenawo ama-ID mabasebenzise lezi zinkundla zama-war room ukuze bathole usizo ngokushesha. Njengoba sibheke okhethweni ngonyaka ozayo kumele wonke umuntu osenegunya lokuvota abe esenawo umazisi.

Sengiphetha ngifisa ukugcina ngokugcizelela indaba ehlale isikhathaza kulo mNyango, okungeyokuphepha emgwaqeni. Njengoba lapha bengikhuluma ngemigwaqo esiyakhayo nje, kuba yinkinga uma sesiyakhile imigwaqo yaba mihle bese ijika iba inkundla yokuchitheka kwegazi.

Ngakho-ke kubalulekile ukuba sivumelane njengezakhamizi nomuntu ngamunye walapha eBaqulusini ukuthi akukho gazi elizochitheka ngenxa yethu emigwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona.

Masivumelane ukuthi lo nyaka kuzoba ngowokuqopha umlando lapho sizokwehlisa izibalo zokufa kwabantu emgwaqeni ngendlela engakaze ibonwe esifundazweni sethu. Lokho singakwenza ngokuthi sibambisane sesekele umkhankaso wethu ka-Operation Val'ingozi lapho sizibophezela khona ukuvuselela onembeza bethu singayephuli imithetho yomgwaqo.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga**